# ISAZISO SOMPHAKATHI

## KUMENYWA IZINHLANGANO ZOMPHAKATHI UKUBA ZIFAKE IZICELO ZOXHASOMALI

UMasipala weTheku umema zonke izinhlangano ezisiza umphakathi ezingekho ngaphansi kukahulumeni (ama-NGO), izinhlangano ezingenzi inzuzo (ama-NPO) kanye nezinkampani ezingasungulelwe ukwenza inzuzo (ama-NPC) eziseThekwini ezisemkhakheni wezobuciko, wezamasiko nowamagugu ukuba zifake izicelo zoxhasomali olubizwa ngama-Grant-In-Aid onyakeni wezimali ka-2021/2022.

Lolu xhasomali lwenzelwe ukunciphisa umthwalo wezimali othwelwe izinhlangano zomphakathi ezenza umsebenzi oncomekayo emphakathini izinjongo zawo ezifanayo nezikaMasipala weTheku futhi ezihambisanayo noHlelo Lwentuthuko Edidiyelwe lukaMasipala.

Injongo ukufukula umphakathi ngokwakha amathuba omnotho ngamaphrojekthi enza umehluko ekuthuthukisweni kobuciko, amasiko namagugu, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya nasemalokishini aseThekwini.

### INDLELA YOKUHLUNGWA KWEZICELO

Indlela yokuhlungwa kwezicelo inezigaba ezintathu ezimi kanje:

- **Isigaba 1- Izicelo ezibhalwe phansi:** Ukuhlunga esigabeni sokuqala kwenziwa ngokubheka lokho okubhalwe esicelweni. Yizicelo ezanelise abahlungayo kulesi sigaba ezizodlulela esigabeni sesibili sokuhlunga.

- I**sigaba 2 – Ithuba lokuchaza kabanzi ngesicelo eMnyangweni**: Labo izicelo zabo eziphumelele ukudlulela kulesi sigaba bazokwaziswa bese bemenywa ukuba beze emnyangweni bazochaza kabanzi ngesicelo sabo nangomsebenzi abawenzayo. Ukuvakashelwa wuMnyango kwendawo abasebenza kuyona kuyingxenye ebalulekile yesigaba sesibili sokuhlunga. Lapho kunesidingo khona, uMnyango uzovakashela indawo ngayinye yesicelo esidlulele kulesi sigaba.

- **Isigaba 3 – Ukuthobela imithetho efanele:** Labo izicelo zabo ezizodlulela esigabeni sesithathu nesokugcina sokuhlunga kuzodingeka ukuba zingakapheli izinsuku eziyi-14 zokusebenza bazisiwe balethe imibhalo ethile edingekayo yokuthobela imithetho efanele ehambisana nesabelomali esinayo yonke imininingwane edingekayo. Uma abafake isicelo bengazilethi lezi zincwadi ezidingekayo kuze kudlule lesi sikhathi esibekiwe leso sicelo siyobe sesithathwa njengesingaphumelelanga.

Izicelo zamukelwa ngaphansi komgomo wokuthi zonke izinhlangano ezizifakayo ziyayithobela imigomo yakwa-Supply Management kaMasipala weTheku. requirements.

### IMIBANDELA YOKUFAKWA KWEZICELO

- Amafomu okufaka izicelo nemibhalo eneminye imininingwane kutholakala kwi-website kaMasipala kuleli  kheli: **https://bit.ly/2Y6a420** noma ngokuthumela i-email kuleli kheli:**Themba.Mchunu@durban.gov.za** ucele ukuba uthunyelelwe.

- Izinhlangano ezifisa ukufaka izicelo kufanele zizifake ngokusebenzisa ubuchwepheshe bamakhompuyutha. Ngeke zamukelwe izicelo ezibhalwe ngesandla.

- Abafaka izicelo bayelulekwa ukuba bangayiguquli i-format ne-font yamafomu okufaka izicelo.

Amafomu agcwalisiwe kufanele athunyelwe nge-email kuleli kheli: **Themba.Mchunu@durban.gov.za** ngaphambi kosuku lokuvala olungumhla ka 29 October 2021. Ngeke zamukelwe izicelo ezifike emva kwalolu suku.